UThuthuva ungumfana oyihlongandlebe. Uneminyaka eyishumi nane. Akalaleli futhi uyahlupha. Ubaba kaThuthuva nguMnuzane Motha. Akasazi ukuthi kumele enzeni ngempela ngaye.





“Usenzeni uThuthuva manje?” kubuza ubaba kaThuthuva. “Lo mfana uzongibulalisa ngenhliziyo. Ngikhathele nguye.”

Izakhamuzi zaseMathambo zasezikhathele indlela uThuthuva ayehlupha ngayo. Wayekhuzwa ngapha, nangapha. Manje usenomkhuba wokweba amaqanda nezinkukhu. Akukho okumedlulayo.





Wayesefundise nabangani bakhe le mikhutshana emibi. Wayezenza ibhoklolo phambi kwezinye izingane. Enanomkhuba wokulova esikoleni. Wayehlupha ngempela uThuthuva.

Ngobunye ubusuku, bonke besalele,

wanyonyoba waphuma ngomnyango ongemuva.

Abangani bakhe abathathu babemlindile becashe phansi kwesihlahla.





UThuthuva nabangani bakhe baphula isango lesibaya. Kwaba nesiphithiphithi izimbuzi zizama ukweqa, zethukile. Babefuna ukweba imbuzi emhlophe, bayidayise.

Abafana badumela imbuzi emhlophe. Imbuzi emhlophe. Yabaleka yagcwala isibaya izama ukuphunyuka. Bahlaba ikhefu, baphinda bayisukela futhi bewa bevuka!





Ngesikhathi bephula isango lesibaya, izimbuzi zagila abafana zeqa zaphuma. Zabalekela emasimini ommbila kamakhelwane.

Kwaba ukusaphasapha ensimini.

Abafana bazama ukukhalima izimbuzi kepha bahluleka. Baphumelela ukubamba imbuzi emhlophe bayifihla.

Bayifihla emotweni endala ukuze ingabaleki.





Ngakusasa ubaba kaThuthuva wavuka, isibaya siphukile nezimbuzi zingekho esibayeni. Wema esangweni lesibaya edangele. Kwavele kwacaca ukuthi ubani owayedale lo monakalo.

UThuthuva ebona wabona ukuthi ubaba wakhe wayedangele, wazisola. Wahamba wayolanda leyo mbuzi emhlophe. Waxolisa kubaba wakhe futhi wathembisa ukuthi wayezowalungisa amaphutha akhe.






Abafana bahamba bayofuna izimbuzi ezazeqile entabeni.

Bazithola izimbuzi baziqhuba zabuyela ekhaya.

Uma befika ekhaya, bakhanda isibaya bazingenisa izimbuzi esibayeni.





UThuthuva wayebona ukuthi izakhamuzi zazinganeme ngaye. Kwamudla kakhulu lokho. Wabe esefikelwa yicebo lokuthi abonisane nabangani bakhe ngaloku.


Wabatshela ngombono wakhe wokusungula iqembu lentsha lokwenza isigodi sabo sihlobe. Basungula isu lokutshala ingadi yemifino. Babepha abantu abeswele nezintandane.





Izakhamuzi zajabula zabasiza nangamathuluzi. Amaqembu amaningi okusiza umphakathi asungulwa, netsha yasiza ekhaya labadala.

Manje uThuthuva uchitha isikhathi sakhe esiningi nentsha. Ubagqugquzela ngokuziphatha kahle. Ngonyaka odlule, uThuthuva wathola umklomelo wokuba ngumholi wentsha oyisibonelo esihle.





UThuthuva nesigodi sonke babejabulele umklomelo nokuguqula indlela yokuziphatha kwakhe. Ekugcineni, uThuthuva waba yisibonelo esihle ebantwini abasha.

Umsebenzi uThuthuva awuqalile usaqhubeka namanje. Uma intsha ikhula ihamba, abanye abasha bayangena. Lomsebenzi ungumgogodla wesigodi saseMathambo.

